BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 www.bu.edu/Africa/alp africa@bu.edu 617.353.3673

# Isaga 4: Isalakutshelwa Sibona Ngomopho

## Characters

| | |
|---|---|
| UCijimpi: | Mhlengi Zwane |
| UVelaphi: | Celani Zama |
| Umngane: | Mdu Zondi |
| Umsebenzi: | T.Q. Zondi |

## Transcript

*Part 1*

| | |
|---|---|
| UCijimpi: | Velaphi. |
| UVelaphi: | Yebo Cijimpi. |
| UCijimpi: | Kunjani Velaphi? |
| UVelaphi: | Ngiyaphila bhuti  unjani wena? |
| UCijimpi: | Hhayi akufani, awusho ngempela, lezi zinto ozenzayo uzenziswa yini Velaphi? |
| UVelaphi: | Yiziphi konje? Ziningi izinto engizenzayo. |
| UCijimpi: | Namhlanje ufike ebusuku, izolo ufike udakiwe, iphambikwayizolo kuthiwa benilwa ngapha nibanga amantombazane, ngaphezulu. |
| UVelaphi: | Manje wena ungenaphi-ke nje lapho-ke? |
| UCijimpi: | Ukuthi nguwubhuti wakho mina. |
| UVelaphi: | Ngiyakwazi lokho, uwubhuti ya? |
| UCijimpi: | Ngiyayazi le mpilo le oyiphilayo ukuthi ngeke ize ikufikise ndawo. |
| UVelaphi: | Wena-ke ubani owayengena ezindabeni zakho? |
| UCijimpi: | Uyabona mina ngangingenzi njengawe futhi ngangibalalela abantu abadala uma kukhona la ngangiphambuka khona uma ngabe bengiyala. |
| UVelaphi: | Nasi isicelo sami, bhuti, sisodwa vo, ngicela uphume kimi, hlukana nami. |
| UCijimpi: | Hhayi uyabona namhlanje Velaphi, bengikukhuza okokugcina, ngizama ukukubonisa okokugcina… |
| UVelaphi: | Uyangikhathaza. |
| UCijimpi: | Hhayi ngiyakutshela mfana wami ngithi noma hamba uqhubeke nezinto zakho, isalakutshelwa sibona ngomopho. |
| UVelaphi: | Sengiyobona ngawo. |

*Part 2*

| | |
|---|---|
| Umngane: | Hawu nkunzi, kunjani mfowethu. |
| UCijimpi: | Ngisaphila Devidi. |
| Umngane: | Ngiyaphila mfana wasekhaya, yimi lo uMdavu sengifikile, kodwa engathi awukho right, ngikubona unikina ikhanda? |
| UCijimpi: | Heyi yile ntwana yala ekhaya, uVelaphi mani. |
| Umngane: | Kade mfowethu ngasho ngathi wena lo mntwana uyamesaba , uyamesaba lo mfana, mdonse ngolabhabha, ngempama nje kube kanye nje uxukuze le nto esekhanda lakhe. |
| UCijimpi: | Manje inkinga ukhuluma ngezindaba zamalungelo ukungitshela ngamaphoyisa ukuthi uzokubopha. |
| Umngane: | Malungelo ani mfowethu, induku iyamqondisa umntwa…umfana mani, bamba umfana ngenduku lo. |
| UCijimpi: | Manje laba bafana sekukhona nezinto abaziphathayo lezi amagova abo, ungabe usasondela kodwa kubo? |
| Umngane: | Uyabona, vele lo umbambele eduzane engekaze athole ngisho netshansi yokukhipha le nto azoyikhipha… |
| | [*Kukhala ucingo…*] |
| UCijimpi: | Uxolo kancane Devidi. |
| Umngane: | Okeyi mfowethu. |
| UCijimpi: | Yebo, hho yebo yimi ubhuti wakhe uVelaphi. Ukuphi? Usesibhedlela? Yini, kwenzejani? Hho, okeyi, kusiphi sona isibhedlela? Okeyi hho hhayi ngiyeza khona manje, ngiyeza ngizombona, yebo… |
| Umngane: | Hhayi bo, mfowethu, kwenzenjani, engathi ukhuluma indaba yesibhedlela khona manje? |
| UCijimpi: | Yile ntwana uVelaphi. Bathi ingene esibhedlela laphana, ibizama ukuzikhunga. |
| Umngane: | Eishi. |
| UCijimpi: | Bathi ibizama ukuyikhunga kanti iphuze namaphilisi lapho, kodwa… |
| Umngane: | Wee.. mfowethu asihambe phela siyombona, mfana wasekhaya asiphuthume mfowethu, vele ngoba ngifike ngemoto, asingene emotweni, sihambe. |
| UCijimpi: | Ya, ake siphuthume. |
| Umngane: | Orayithi. |

*Part 3*

| | |
|---|---|
| Cijimpi: | Sawubona mfowethu. |

| | |
|---|---|
| Umsebenzi: | Ninjani baba? |
| UCijimpi: | Hayi siyancenga. |
| Umsebenzi: | Sikhona sikhona, baba. |
| UCijimpi: | Wukuthi sithole icall ukuthi, eqhamuka khona la esibhedlela mhlawumbe umfana wasekhaya uVelaphi ukuthi ungeniswe la egumbini laba.. labagula kakhulu. |
| Umsebenzi: | Hho ngizocela nehle nje la bese nishaya kwesokunxele, nizobathola lapho abazonisiza. |
| UCijimpi: | Yebo…siyabonga. |
| Umngane: | Siyabonga. |
| Umsebenzi: | Ayikho inkinga. |
| Umngane: | Siyawubonga umusa wakho. |

*Part 4*

| | |
|---|---|
| UCijimpi: | Velaphi? |
| UVelaphi: | Bhuti. |
| UCijimpi: | Yini, kwenzenjani mfana? |
| UVelaphi: | Eyi...bebefuna ukungibulala ngabona kungcono ngizibulale mina, ngiphuze amaphilisi...eyi. |
| UCijimpi: | Yini? Bafuna ukukubulalelani? |
| UVelaphi: | Ngamithisa intombazane…ewu…ukuba ngalalela…ngabe angikho la…ngiyaxolisa bhuti, baqinisile uma bethi 'isalakutshelwa sibona ngomopho'… ungixolele. |
| UCijimpi: | Hhayi, ungabalisi kakhulu ndodana, kuzoba ngcono ndoda, uzoba ngcono. |
| UVelaphi: | Ngiyabonga bhuti. |